human settlements
& public works

Ministry:
Human Settlements and Public Works
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

# KWANDE ISIBALO SABANIKAZI BEMIZI KUKHISHWA AMATAYITELA

Njengengxenye yomkhankaso woMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu eKZN wokukhuthaza izakhamizi ekutheni zibe abanikazi bemizi, uNgqongqoshe uRavi Pillay nezikhulu zomnyango wakhe behla benyuka isifundazwe sonke ukuyonikezela ngamatayitela awu-18 000 eminyakeni emihlanu edlule.

Ezinyangeni ezintathu ezizayo, kuzophinde kukhishwe amanye amatayitela angu-16 227, asevele asezandleni zomasipala.

Ithimba lezikhulu zomnyango liphansi phezulu lihlola zonke izindlu esezakhiwe, lihlanganise nombiko ukuze abanikazi balezo zindlu bezothola amatayitela.



UMengameli Cyril Ramaphosa ukhiphe amatayitela eFranklin, engaphansi kweGreater Kokstad Municipality. Ethola itayitela lakhe, uSelina Mtolo, uthe: "Ngiswele indlela engingachaza ngayo injabulo yami. Angisoze ngalukhohlwa lolu suku. Sike sahlukumezeka nengane yami, sihlala ezinkompolo emapulazini, sikhokha uR10 ngesonto. Ekugcineni, isiphendulekile imithandazo yethu. Sibonga kakhulu kuhulumeni wethu."




Ujabule kakhulu uGogo umaSiyaya(76) ophila nokukhubazeka ngesikhathi evakashelwa uNgqongqoshe uRavi Pillay, ikhansela likaWadi 1 kumasipala wabaQulusi, uZakes Nkosi kanye neMeya uJeremiah Sibiya bezomnikeza itayitela lomuzi wakhe nesihlalo esihamba ngamasondo.

## UMasipala wesifunda iRay Nkonyeni




Izakhamuzi zaseRay Nkonyeni Local Municipality, zizigqaja ngokubukisa ngokutsaka ngamatayitela awo ngemuva kokuwathola kuNgqongqoshe uRavi Pillay.



uMnuz Tenesha Joseph Madi (83) Osizweni C, eNewcastle uzigqaja ngetayitela lomuzi wakhe.

UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu eKZN uhlinzeka ngoxhaso lwemali uma uthenga umuzi, nebhange lavuma isicelo sakho, nokwenza kube yimpumelelo ekutheni umuntu abe nomuzi!

Nawe ngokunjalo ungahlomula ngalolu hlelo loxhaso lwemali olukhishwa wuhulumeni olubizwa nge-Finance Linked Individual Subsidy Programme noma i-FLISP.

Ukuze uzosizakala, kumele ube nalokhu okulandelayo:

- Isicelo sakho sokuthenga umuzi sivunywe yibhange
- Umholo wakho ube phakathi kuka-R3 501 no-R22 000 ngenyanga
- Awukaze uhlomule oxhasweni lukahulumeni oluthinta izindlu phambilini
- Ube yisakhamuzi saseNingizimu Afrika
- Ube neminyaka engu-18, ukuze ukwazi ukumelana nezivumelwano
- Ngabe ushadile/ ukipitile
- Awukaze waba nomuzi phambilini

Uma ufuna olunye ulwazi, xhumana ne-FLISP Helpdesk:

Inombolo yocingo: 031 336 5396/5193/5277/5262/5285/5418

Email: *flisp@kzndhs.gov.za*; noma ungene *ku-www.kzndhs.gov.za*



Izikhulu zoMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu zisembukisweni iKZN Construction Expo ukuyodlulisa ulwazi ngezinhlelo zezindlu nohlelo iFinance Linked Individual Subsidy Programme. UThabiso Tenza uchazela abantu ngemigomo nemibandela.

**ISIFUNDAZWE ESIHAMBE PHAMBILI EKUHLINZEKWENI NGEMIZI EZWENI LONKE NGO-2014 KUYA KU-2017**



SEND ME
TO BUILD THE MZANSI I WANT

**IMISEBENZI IYABONAKALA #THUMAMINA**

**UMnuz Ravi Pillay**
UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi